



Inqubomgomo Yemfihlo

Kugcine ukubuyezwa 18 Disemba 2017 ([buka izinhlobo ezilondolozwe](#)) (Izibonelo ze-hyperlinked ziyatholakala ekupheleni kwaleli dokhumenti.)

Ziningi izindlela ongasebenzisa ngazo izinhlelo zethu – ukucinga kanye nokwabelana ngolwazi, ukuxhumana nabanye abantu noma ukwenza izinto ezintsha. Uma wabelana ngolwazi nathi, isibonelo ngokwakha i-akhawunti yakwa-Google singenza lezo zinhlelo zibe ngcono – ukukhombisa imiphumela yokucinga ehambisana kangcono nokucingayo kanye nezikhangiso, ukukusiza uxhumane nabantu noma ukwenza ukwabelana nabantu kusheshe futhi kube lula. Njengoba usebenzisa izinhlelo zethu, sifuna ukuthi ucacelwe ukuthi silusebenzisa kanjani ulwazi nanokuthi ungabuvikela kanjani ubumfihlo bakho.

Inqubomgomo yethu Yobumfihlo iyachaza:

- Sithatha hloboni lwemininingwane nanokuthi siyithathelani.
- Siyisebenzisa kanjani leyo mininingwane
- Ungakukhetha esikunikeza khona, okubandakanya ukufinyelela nokubuyezwa imininingwane.

Sizamile ukugcina kulula ngakho konke okusemandleni kodwa uma ungenalo ulwazi lwamagama afana nelithi, cookies, ikheli le-IP, amathegi ama-pixel kanye nezipequluli, funda ngalamagama [abalulekile](#) kuqala. Ubumfihlo bakho bubalulekile ku-Google ngakho ngisho ngabe umusha ku-Google noma kade waqala ukuwusebenzisa, uyacelwa ukuthi uthathe isikhathi sokuthi wazi izinqubo zethu – kanti uma unanoma iluphi uhlobo lombuzo [xhumana nathi](#).

Imininingwane esiyithathayo

Siqoqa ulwazi ukuze sihlizwe ngamasevisi angcono kakhulu kubo bonke abasebenzisi bethu – kusuka ekutholeni izinto eziyinhloko ezifana nokuthi ukhuluma luphi ulimi, kuya kwezinye izinto eziyinkimbinkimbi ezinjengokuthi yiziphi **izikhangiso ozithola ziwusizo**, **abantu ababaluleke kakhulu kuwe ku-inthanethi**, noma ukuthi yimaphi amavidiyo we-YouTube ongase uwathande.

Siqoqa ulwazi ngezindlela ezilandelayo:

- **Ulwazi osinika lona.** Isibonelo, iningi lamasevisi wethu adinga ukuthi ubhalisele i-akhawunti ye-Google. Uma wenza kanjalo, sizocela [ulwazi lomuntu siqu](#), njengegama lakho, ikheli le-imeyili, inombolo yefoni noma **ikhadi lesikweletu** ukulondolozwa i-akhawunti yakho. Uma ufuna ukusebenzisa okuhle ngokugcwele kwezici zokwabelana esizinikezayo, singahle futhi sikucele ukuthi udale [i-phrofayela ye-Google](#) esesidlangalaleni, engahle ifake igama nesithombe sakho.
- **Ulwazi esiluthola kusuka ekusebenziseni kwakho amasevisi wethu.** **Siqoqa ulwazi** mayelana namasevisi owasebenzisayo nokuthi uwasebenzisa kanjani, njengokuthi uma ubuka ividiyo ku-YouTube, uvakashela iwebhusayithi esebenzisa amasevisi wokukhangisa, noma **ukubuka nokusebenzisana nezikhangiso zethu** nokuqokethwe. Lolu lwazi lufaka phakathi:

- **Imininingwane yedivayisi**

Siqoqa **ulwazi oluqondene nedivayisi** (njengohlobo lwezixhonyekazi zekhompuyutha, inguqulo yesistimu yokusebenza, [izihlonzi zedivayisi ezahlukile](#), nolwazi lwenethiwekhi yeselula olufaka phakathi inombolo yefoni). I-Google ingase ihlobanise **izihlonzi zedivayisi** zakho noma **inombolo yefoni** nge-akhawunti yakho ye-Google.

- **Imininingwane yokungena**

Uma usebenzisa amasevisi wethu noma ubuka okuqokethwe okunikezwa i-Google, siqoqa ngokuzenzakalelayo futhi sigcine ulwazi oluthize [kumalogu weseva](#). Lokhu kufaka phakathi:

- imininingwane yokuthi uyisebenzise kanjani idivayisi yethu, njengezicelo zakho zokucinga,
- imininingwane yezocingo njengenombolo yakho yocingo, ukushayelwa kwezinye izinombolo, ukudlulisa

izinombolo, isikhathi nosuku locingo, ubude bocingo, imininingwane ngokudluliswa kwe-SMS kanye nohlobo locingo.

- ikheli lengubo ye-inthanethi.
- imininingwane yezehlakalo zedivayisi njengokufa, okwenziwa kwisistimu, izisetho ze-hardware, uhlobo lwesiphequluli, ulimu lwesiphequluli, usuku kanye nesikhathi sesicelo sakho kanye nokubalulwa kwe-URL,
- ama-cookie angahlonza isiphequluli sakho ngokukhethekile noma i-akhawunti yakho yakwa-Google.

o Imininingwane yendawo

Uma usebenzisa amasevisi we-Google, **singase siqoqe futhi sisebenzise ulwazi olumayelana nendawo okuyo.** Sisebenzisa ubucwepheshe obahlukahlukene ukunquma indawo, kufaka phakathi ikheli le-IP, GPS, **nezinye izinzwa** ezingahle, isibonelo, zinikezele i-Google ulwazi kumadivayisi aseduzane, **Izindawo zokfinyelela ze-Wi-Fi namathawa weseli.**

o Izinombolo zensiza ezikhethekile

Ezinye izinhlelo zibandakanya inombolo yensiza ekhethekile. Le nombolo kanye nemininingwane ngokufaka (isibonelo, uhlobo lohlelo lokusebenza kanye nenombolo yohlobo lwensiza) kungathunyelwa ku-Google uma ufaka noma ukhipha lolo hlelo noma uma lolo hlelo luxhumana nohlelo lwethu ezikhathini ezithize njengokubuyekeza okuzenzekalayo.

o Ukulondoloza kwaseduze

Kungenzeka sikuqoqe futhi sigcina ulwazi (okubandakanya ulwazi lomuntu siqu) eduzane nedivayisi yakho sisebenzisa izinto ezifana nesitoreji sewebhu sesiphequluli (kubandakanya i-HTML 5) kanye nezilondolozi zezinhlelo zokusebenza zedatha.

o Amakhukhi nobuchwepheshe obufanayo

Thina **nozakwethu** sisebenzisa ubuchwepheshe ukuqoqa futhi silondoloze ulwazi uma uvakashela isevisi ye-Google, futhi lokhu kungafaka phakathi ukusebenzisa amakhukhi noma ubuchwepheshe obufanayo ukukhomba isiphequluli sakho noma idivayisi. Futhi sisebenzisa lobo buchwepheshe ukuqoqa nokulondoloza ulwazi uma usebenzisana namasevisi esiwanikezayo kozakwethu, **njengamasevisi wokukhangisa** noma izici ze-Google ezingabonakala kwamanye amasayithi. Umkhiqizo wethu we-Google Analytics usiza abanikazi bamabhizinisi namasayithi ukuhlaziya ithrafikhi kumawebhusayithi wabo nezinhlelo zokusebenza. Uma kusetshenziswe kuhambisana namasevisi wethu wokukhangisa, afana nalawo asebenzisa ikhukhi ye-DoubleClick, ulwazi le-Google Analytics **luxhunywa, yikhasimende le-Google Analytics noma yi-Google, kusetshenziswa ubuchwepheshe be-Google, ngolwazi olumayelana nokuvakasha kumasayithi amaningi.**

Ulwazi esiluloqayo uma ungene ngemvume ku-Google, ngokungeziwe kulwazi esilutholayo mayelana nawe kusuka kuzakwethu, lungaphathelani naye ne-akhawunti yakho ye-Google. Uma ulwazi luphathelene ne-akhawunti yakho ye-Google, siluphatha njengolwazi lomuntu siqu. Ngolwazi olubanzi mayelana nokuthi ungafinyelela, uluphathe noma ulususe kanjani ulwazi oluphathelene ne-akhawunti yakho ye-Google, vakashela isigaba Ukubonakala nenketho kwale nqubomgomo.

Siyisebenzisa kanjani imininingwane esiyiqoqayo

Sisebenzisa ulwazi esiluloqayo kusuka kuwo wonke amasevisi wethu **ukunikela, ukunakekela, ukuvikela** nokuwathuthukisa, ukuze **siqalise amasha**, futhi **sivikele i-Google nabasebenzisi bethu.** Siphinde sisebenzise lolu lwazi ukuhlinzeka ngokuqukethwe okwakhelwe wena - njengokukunikeza imiphumela yokusesha kanye nezikhangiso ezihambelana nosesho lwakho.

Singaphinde futhi sisebenzise igama olihlinzekayo ephrofayelini yakho yakwa-Google kuzo zonke izinhlelo esizihlinzekayo ezidinga i-akhawunti yakwa-Google. Ngaphezulu kwalokho, singaguqula amagama adlule ahlobene ne-akhawunti yakho yakwa-Google ukuze wethuleke ngokufanele kuzo zonke izinhlelo zethu. Uma abanye abantu sebevele bene-imeyili yakho, noma eminye imininingwane ekuhlonzayo, ungabakhombisa imininingwane yakho yephrofayela yakwa-Google evela emphakathini njenge gama kanye nesithombe sakho.

Uma une-akhawunti ye-Google, singase sibonise igama lakho lephrofayela, isithombe sephrofayela, nezenzo ozenza ku-Google noma kwizinhlelo zokusebenza zezinkampani zangaphandle ezixhumene ne-akhawunti yakho ye-Google (njengokubekiwe +1, izibuyekezo ozibhalayo ngisho namazwana owathumelayo) kumasevisi wethu, kufaka phakathi ukubonisa kwizikhangiso

nokunye okuqukethwe kwezentengiso. Sizohlolipha izinqumo ozenzayo **zokubeka umkhawulo wokwabelana noma izilungiselelo zokubonakala** kwi-akhawunti yakho ye-Google.

Uma uxhumana ne-Google, sigcina imininingwane yokuxhumana nawe ukusiza ukuxazulua noma iziphi izinkinga ongase ubhekane nazo. Singase sisebenzise ikheli lakho le-imeyili ukukwazisa mayelana namasevisi wethu, njengokukwazisa ngezinguquko noma ukuthuthukisa okuzayo.

Sisebenzisa ulwazi oluqoqwe kusuka kumakhukhi nobunye ubuchwepheshe, [njengomaka be-pixel](#), **ukuthuthukisa ukuzizwela kwakho komsebenzisi** nekhwalithi isiyonke yamasevisi wethu. Enye yemikhqizo esiyisebenzisayo ukwenza lokhu kumasevisi wethu i-Google Analytics. Ngokwesibonelo, ngokulondoloza ulimu oluncamelayo, sizokwazi ukwenza ukuthi amasevisi wethu avele ngolimu oluncamelayo. Uma ubonisa izikhangiso zakho ezibophezelekile, ngeke siphathelanise isikhombi kusuka kumakhukhi noma ubuchwepheshe obufanayo [ngezigaba ezizwelayo](#), njengalezo ezisuselwe kuhlobo lwabantu, inkolo, ubulili noma ezempilo.

Amasistimu wethu azenzakalelayo ahlaziya okuqukethwe kwakho (okufaka phakathi ama-imeyili) ukukunikeza izici zomkhqizo ezifanelekile, njengemiphumela yokusesha engokwezifiso, izikhangiso ezenziwe zafanela wena, nokuthola ugaxekile nohlelo olungayilungele ikhompuyutha.

Kungenzeka **sihlanganise ulwazi lomuntu siqu kusuka kwenye isevisi, okubandakanya imininingwane yabantu, kusuka kwamanye amasevisi e-Google** - isibonelo **ukuze kubelula ukwabelana izinto nabantu obaziyo**. Kuye [ngezilungiselelo zakho ze-akhawunti yakho](#), **umsebenzi wakho kwamanye amasayithi nezinhlelo zokusebenza** zingahlotshaniswa nolwazi lwakho lomuntu siqu ukuze kuthuthukiswe amasevisi e-Google kanye nezikhangiso ezilethwa yi-Google.

Sizoyicela imvume yakho ngaphambili kokusebenzisa imininingwane ngenhloso engafani naleyo ebekwe Emgomeni Wobumfihlo.

U-Google usebenzasebenzisa imininingwane yomuntu kwi-server yethu emazweni amaningi emhlabeni wonke. Singakwazi ukusebenzisa imininingwane yabantu kwi-server engaphandle kwezwe lapho uhlala khona

Ukuba sobala kanye nokukhetha

Abantu bakhathazwa izinto ezehlukene mayelana nobumfihlo Isifiso sethu ukuthi sicacise ukuthi hlobo luni lwemininingwane esiyiqoqayo ukuze ukwazi ukukhetha kahle ukuthi isetshenziswe kanjani. Isibonelo ungakwazi ukuthi:

- [Buyekeza futhi ubukeze izilawuli zomsebenzi wakho we-Google](#) ukuze unqumbe ukuthi iziphi iziphi izinhlobo zedatha, njengamavidiyo owabuke ku-YouTube noma usesho lwangaphambilini, ongathanda ukuzilondoloza nge-akhawunti yakho uma usebenzisa amasevisi we-Google. Futhi ungavakashela lezi [zilawuli](#) ukuze uphathe ukuthi ingabe ezinye izinhlelo zilondolozwe kukhukhi noma ebuchwephesheni obufanayo kudivayisi yakho uma usebenzisa amasevisi ethu ngenkathi uphumile ku-akhawunti yakho.
- [Ukubuyekeza uphinde ulawule](#) uhlobo oluthile lwemininingwane ehlobene ne-akhawunti yakho ngokusebenzisa i-Google Dashboard.
- [Buka futhi uhlele](#) izintandokazi zakho mayelana nezikhangiso ze-Google eziboniswa kuwe ku-Google nayo yonke iwebhu, njengokuthi iziphi izigaba ongahle uzithande, usebenzisa izilungiselelo zezikhangiso. Ungaphinde uvakashele lelo khasi ukuze ukhethe ukuphuma kumasevisi okukhangisa e-Google.
- [Lungisa](#) ukuthi iphrofayela ephathelene ne-akhawunti yakho ye-Google ibonakala kanjani kwabanye.
- [Lawula](#) ukuthi wabelana nobani ngolwazi nge-akhawunti yakho ye-Google.
- [Khipha ulwazi](#) oluphatelene ne-akhawunti yakho ye-Google kumasevisi wethu amaningi.
- [Khetha](#) ukuthi igama lakho lephrofayela nesithombe sephrofayela kuyavela yini kwizincwadi ezabiwe ezivela kwizikhangiso.

Ungakwazi futhi ukusetha isiphequluli sakho ukuthi sivimbele wonke amakhukhi, okufaka phakathi amakhukhi ahlobene namasevisi wethu, noma ukubonisa lapho ikhukhi isethwe yithi. Yize kunjalo, kubalulekile ukukhumbula ukuthi iningi lezinhlalo zethu kungenzeka **zingasebenzi kahle** uma amakhukhi wakho akhutshaziwe. Izibonelo, kungenzeka singalukhumbuli ulimu oluncamelayo.

Imininingwane owabelana ngayo

Iningi lezinhlalo zethu livumela ukuthi wabelane ngemininingwane nabanye. Khumbula ukuthi uma wabelana ngemininingwane esidlangalaleni, ingabonakala ezinjini zokucinga, kubandakanya u-Google. Amasevisi wethu akunikeza izinketho ezahlukene **ekwabelaneni futhi nokususa okuqukethwe kwakho**.

Ukufinyelela nokubuyekeza imininingwane yakho

Noma yinini lapho usebenzisa amasevisi wethu, sihlolise ukukunikeza **ukufinyelela kulwazi lwakho lomuntu siqu**. Uma leyo mininingwane ingalungile, senza imizamo yokukunikeza izindlela zokuyibuyekeza ngokushesha noma uyisuse - ngaphandle uma kudingeka ukuthi silondoloze leyo mininingwane ngenxa yezizathu zebhizinisi ezigunyaziwe noma ngenxa yezizathu zezomthetho.

Sizimisele ukugcina uhlelo lwethu ngendlela evikela imininingwane ekulimaleni okwenzeke ngephutha noma ngamabomu. Ngenxa yalokhu, emva kokuba usususe imininingwane ohlelweni lwethu, ngeke sikwazi ukususa ngokushesha amakhophi asalile kuma-server ethu asebenzayo kanti ngeke sisuse imininingwane ezinhlelweni zethu zokugcina izipele.

Imininingwane esabelana ngayo

Asabelani ngolwazi lomuntu siqu nezinkampani, izinhlangano kanye nabantu abangaphandle kwe-Google ngaphandle uma kungaphansi kwalezi zimo:

- **Kube nemvume**

Siyokwabelana ngemininingwane yabantu nezinkampani, izinhlangano noma abantu abangaphandle kwaka-Google uma sivunyelwe uwenza ukuthi senze njalo. Sidinga ukuvuma ukungena ukuze [kwabelanwe nganoma imiphi imininingwane yomuntu ebucayi](#)

- **Nabalawuli bedomeyini**

Uma i-akhawunti yakho yakwa-Google yenganyelwe wuwe [ngomlawuli wedomeyini](#)(isibonelo, kubasebenzi Bezinsiza ze-Google) umlawuli wedomeyini yakho nabadayisi abahlinzeka ukwesekwa komsebenzisi enhlanganweni yakho bayokwazi ukufinyelela emininingwaneni ye-akhawunti yakho yakwa-Google (okubandakanya i-imeyili yakho kanye neminye imininingwane). Umlawuli wedomeyini yakho angakwazi:

- ukubheka imininingwane yezinombolo eqondene ne-akhawunti yakho, njengemininingwane emayelana nezinsiza ozifakayo.
- ukuguqula iphasiwedi ye-akhawunti yakho.
- ukumisa okwesikhashana noma avale ukufinyelela kwakho e-akhawuntini yakho.
- ukufinyelela noma ukugcina imininingwane elondolozwe njenge ngxenye ye-akhawunti yakho.
- ukuthola ulwazi le-akhawunti yakho ukuze kugculise imithetho efanele, imigomo, **inqubo zomthetho noma isicelo zikahulumeni esiphoqeleyo**.
- ukukhawula ukukwazi kwakho ukususa noma ukulungisa imininingwane noma izisetho zobumfihlo.

Uyacelwa ukuthi ubheke umgomo wobumfihlo womlawuli wedomeyini yakho ukuthola eminye imininingwane.

- **Ukuze kusebenzeke ngaphandle**

Sinikeza ulwazi lomuntu siqu [kumanxusa](#) wethu noma amanye amabhizinisi athembekile noma abantu ukuze basicubungulele lona, ngokuya ngemiyalo yethu futhi ngokuhambisana Nomgomo wethu Wobumfihlo kanye nezinye izilinganiso zobumfihlo nokuphepha ezifanele.

- **Ngenxa yezizathu zomthetho**

Siyokwabelana ngemininingwane yomuntu nezinkampani, izinhlangano noma abantu abangaphandle kwaka-Google uma sikhohwa ukuthi ukufinyelela, ukusetshenziswa, ukulondolozwa noma ukuvezwa kwemininingwane kuyadingeka:

- ukwanelisa nanoma yimuphi umthetho osebenzayo, isimiselo, **inqubo yezomthetho noma isicelo zikahulumeni esiphoqeleyo**.
- ukuthi kulandelwe Imibandela yendawo yokusebenza, okubandakanya ukuphenywa kokuphulwa komgomo okungenzeka.
- ukuhlonza, ukugwema noma ukubhekana nenkohlakalo ukuphepha noma into yezobuchwepheshe.
- ukuvikela ukulinyazwa kwamalungelo, impahla noma ukuphepha kuka-Google, abasebenzisi bethu noma umphakathi njengokudingwa umthetho.

Singahle sabelane [ngolwazi olungakhombeki lomuntu siqu](#) esidlangalaleni kanye nozakwethu – njengabashicileli, abakhangisi noma amasayithi axhumekele. Ngokwesibonelo, singase sabelane ngolwazi esidlangalaleni **ukuze sibonise amathrendi okusebenzisa okuvamile amasevisi wethu.**

Uma u-Google ebandakanyeke ekubumbaneni, ekuzuzweni noma ekudayisweni kwempahla, siyoqhubeka siqinisekisa ukuthi ubumfihlo banoma imiphi imininingwane yabantu buyagcinwa bese sinikeza abasebenzisi abathintekayo isaziso ngaphambili kokuthi imininingwane yabantu idluliswe noma ithintekwe emgomeni wokuphepha owehlukile.

Ukuphepha kolwazi

Sisebenza kanzima ukuvikela u-Google kanye nabasebenzisi ezintweni ezifana nokufinyelela okungagunyaziwe kuya ekuguqulweni okungagunyaziwe, ukuvezwa noma ukoniwa kwemininingwane engakuthina. Ikakhulukazi:

- Sibhala ubumfihlo iningi lezinhlalo zethu [sisebenzisa i-SSL](#).
- Sikunikeza [ukuginisekisa kwezinyathelo ezimbili](#) Uma ufinyelela e-akhawuntini yakho yakwa-Google kanye [Okuqukethwe kokuphequlula okuphephile](#) Ku-Google Chrome
- Sihlola imininingwane yethu, izinqubo zokulondoloza nokusebenza, okubandakanya izindlela zokuphepha, ukunqanda ukufinyelela okungagunyaziwe ezinhlelweni.
- Sinqanda ukufinyelela emininingwaneni yabantu ezisebenzini zakwa-Google, abazinkontileka ama-ajenti adinga ukwazi leyo mininingwane ukuze basisebenzele yona, abaphinde babophezeleke ngaphansi esivumelwaneni sobumfihlo esiqinile abangajeziswa noma kunqanyulwe isivumelwane nabo uma behluleka ukulandela izimiso.

Uma le Nqubomgomo Yemfihlo isebenza

Inqubomgomo yethu yobumfihlo isebenza kuwo wonke amasevisi anikezelwa i-Google LLC nezinkampani zayo eziphethwe, kufaka phakathi i-YouTube, amasevisi i-Google ewanikezela kumadivayisi we-Android, kanye namasevisi anikezelwa kwamanye amasayithi (njengamasevisi wethu wokukhangisa), kodwa ngaphandle kwamasevisi anezinqubomgomo zobumfihlo ezehlukile ezingabandakanyi le ngqubomgomo yobumfihlo.

Umgomo wethu wobumfihlo awusebenzi ezinhlelweni ezihlinzekwa ezinye izinkampani noma abantu, okubandakanya imikhiqizo noma amasayithi angavezwa kuwena njengemiphumela yokucinga, amasayithi angabandakanya izinhlelo zakwa-Google, noma amanye amasayithi ahlobene nathi ngenxa yezinhlelo zethu. Umgomo wethu wobumfihlo awubhekene nezinqubo zeminingwane yezinye izinkampani noma izinhlangano ezikhangisa izinhlelo zethu nokungenzeka zisebenzise ama-cookies, ama-pixel tags kanye nobunye ubuchwepheshe ukuhlinzeka izikhangiso ezifanele.

Ukuhambisana nokubambisana neziphathimandla zokulawula

Sihlale sibuyekeza ukuthobela kwethu Inqubomgomo Yobumfihlo. Futhi sihambisana [nezinhlelo ezizigondisa ngokwazo](#), ezifaka izinhlelo ze-EU-US ne-Swiss-US Privacy Shield Frameworks. Uma sithola izikhalazo ezibhalwe phansi, siyoxhumana nomuntu owenze isikhalazo ukuze silandele udaba lwakhe. Sisebenzisana neziphathimandla zokulawula ezifanele, okubandakanya iziphathimandla zendawo ezivikela imininingwane, ukuxazulula izikhalazo ezimayelana nokudluliswa kwemininingwane esingakwazi ukuthi sizixazulule ngqo nabasebenzisi bethu.

Izinguquko

Umgomo wethu Wobumfihlo ungaguquka ngokuhamba kwesikhathi. Ngeke sinciphise amalungelo akho ngaphansi Komgomo Wobumfihlo ngale kokuthola imvume yakho ecacile. Siyoposa nanoma iziphi izinguquko zomgomo wobumfihlo kuleli khasi. Uma izinguquko zinkulu, siyofaka isaziso esicace kakhulu (okubandakanya izaziso ze-imeyilizezinguquko zomgomo wobumfihlo) kwezinye izinhlelo. Siyophinde futhi sigcine izinhlobo zangaphambilini Zalomgomo Wobumfihlo ezintweni zethu ezilondoloziwe ukuthi ukwazi ukuwubona kabusha. [ndokubuyekeza](#).

Izinqubo ezinqondene nomkhiqizo

Lezi zaziso ezilandelayo zichaza ngezinqubo zobumfihlo ezithize mayelana nemikhiqizo ye-Google kanye nezinhlelo ongazisebenzisa:

- [I-Chrome kanye ne-Chrome OS](#)
- [I-Play Books](#)
- [Payments](#)
- [Fiber](#)
- [Project Fi](#)
- [G Suite for Education](#)
- [I-YouTube Kids](#)

- [Ama-akhawunti e-Google aphethwe ngesixhumanisi somndeni](#)

Ngolwazi olubanzi mayenala namanye amasevisi wethu amahle, ungavakashela [Umhlahlandlela Wobumfihlo Womkhigizo ye-Google](#).

Eminye imisebenzi elusizo ehlobene nemfihlo nokuvikela

Eminye imisebenzi elusizo ephathelene nobumfihlo nokuvikeleka ingatholakala [emakhasini weznqubomqomo nemithetho ye-Google](#), kuhlanguka:

- Ulwazi mayelana [nobubuchwepheshe kanye nemithetho](#) yethu, bandakanya, phakathi kwezinye izinto, ulwazi olubanzi ku
 - [indlela i-Google isebenzisa ngayo amakhukhi](#).
 - [ubuchwepheshe esibusebenzisayo kwezokhukhangisa](#).
 - [indlela esibona ngayo amaphethini afana ubuso](#).
- [Ikhasi](#) elichaza ukuthi iyiphi idatha eyabiwa ne-Google uma uvakashela amawebhusayithi asebenzisa ezokukhangisa zethu, i-analytics nemikhigizo yenhlalo.
- Ithuluzi [lokuhlola ubumfihlo](#), elenza kubelula ukubuyekeza izilungiselelo zakho zobumfihlo ezinkulu.
- [Isikhungo sokuphepha](#) se-Google, esinikela ngolwazi lokuthi ungahlala kanjani uphephile futhi ivikelekile ku-intanethi.

"ukufinyelela kulwazi lakho lomuntu siqu"

Isibonelo, nge-Ideshibhodi ye-Google ungashesha futhi ubone kalula enye idatha ephathelene ne-akhawunti yakho ye-Google. [Funda kabanzi](#).

"izikhangiso ozithola ziwusizo kakhulu"

Isibonelo, uma ujoyinile uvakashela amawebhusayithi kanye namabhulogi mayelana nengadi, ungase ubone izikhangiso ezihlobene nengadi njengoba upheqa iwebhu.

[Funda kabanzi](#).

"amasevisi wokukhangisa"

Isibonelo, uma ujoyinile uvakashela amawebhusayithi kanye namabhulogi mayelana nengadi, ungase uqale ukubona izikhangiso ezihlobene nale ntshisekelo njengoba upheqa iwebhu.

[Funda kabanzi](#).

"nezinye izinzwa"

Idivayisi yakho ingahle ibe nezinzwa ezinikezela ngolwazi ukusiza ukuqonda kangcono indawo yakho. Isibonelo, i-accelerometer ingacacisa izinto ezifana nesivinini, i-gyroscope ukuthola inkomba-ndlela yokuhamba.

[Funda kabanzi](#).

"qoqa ulwazi"

Lokhu kuhlanguka ulwazi olufana nokusetshenziswa kwedatha yakho nezintandokazi, imilayezo ye-Gmail, iphrofayela ye-G+ izithombe, amavidiyo, umlando wokupheqa, usesho lwemephu, amadokhumenti, noma okunye okuqukethwe okusingathwe yi-Google.

[Funda kabanzi](#).

"hlanganisa ulwazi lomuntu siqu kusuka kusevisi eyodwa enolwazi, kufaka phakathi ulwazi lomuntu siqu, kusuka kwamanye amasevisi we-Google"

Isibonelo, uma ungene ngemvume ku-akhawunti yakho ye-Google futhi usesha ku-Google, ungabona imiphumela yosesho kusuka kuwebhu esesidlangaleni, kanye namakhasi, izithombe, nokuthunyelwe kwe-Google+ kusuka kubangani bakho kanye nabantu obaziyo noma obalandelayo ku-Google+ bangase babone okuthunyelwe kwakho nephrofayela emiphumeleni yabo.

[Funda kabanzi](#).

"xhumana nabantu"

Isibonelo, ungase uthole iziphakamiso zabantu ongase ubazi noma ofuna ukuxhumana nabo ku-Google+, ngokususela kothintana nabo onabo kweminye imikhiqizo ye-Google, njenge-Gmail kanye nabantu othintana nabo bangabona iphrofayela njengesiphakamiso.

[Funda kabanzi.](#)

"ikhadi lesikweletu"

Nakuba thina njengamanje singaceli ikhadi lesikweletu ngesikhathi ubhalisa, ukuqinisekisa iminyaka yakho ngomsebenzi omncane wekhadi lesikweletu ngenye indlela yokuqinisekisa ukuthi uyahlangabezana nezimfuneko zethu zeminyaka yobudala esimeni lapho i-akhawunti yakho ikhutshaziwe ngemva kokufaka usuku lokuzalwa elikhombisa ukuthi awumdala ngokwanele ukuthi ube ne-akhawunti ye-Google.

[Funda kabanzi.](#)

"qala ezintsha"

Isibonelo, isofthiwe yokuhlola ukupela ye-Google yaqanjwa ngokuhlaziya usesho lwangaphambilini lapha abasebenzisi balungise khona ukupela kwabo.

[Funda kabanzi.](#)

"izihlonzi zedivayisi"

Izihlonzi zedivayisi zazisa i-Google ukuthi iyiphi idivayisi ehlukile oyisebenzisayo ukufinyelela amasevisi wethu, engasetshenziswa ukwenza ngezifiso isevisi yethu kudivayisi yakho noma ukuhlaziya noma yiziphi izinkinga zedivayisi eziphathelene namasevisi wethu.

[Funda kabanzi.](#)

"ulwazi oluqondene nedivayisi"

Isibonelo, uma uvakashela i-Google Play kusuka kudeskithophu yakho, i-Google ingasebenzisa lolu lwazi ukukusiza ukunquma ukuthi imaphi amadivayisi ongathanda ukuthi ukuthenga kwakho kutholakale khona ukuze kusetshenziswe.

[Funda kabanzi.](#)

"thuthukisa isipiliyoni sakho somsebenzisi"

Isibonelo, amakhukhi asivumela ukuthi sihlaziye ukuthi abasebenzisi baxhumana kanjani namasevisi wethu.

[Funda kabanzi.](#)

"inqubo yezomthetho noma isicelo sikahulumeni esiphokelelayo"

Njengezinye izinkampani zobuchwepheshe kanye nezokuxhumana, i-Google njalo ithola izicelo ezivela kohulumeni nezinkantolo emhlabeni wonke ukuze inikezele ngedatha yomsebenzisi. Ithimba lethu lezomthetho libuyekeza isicelo ngasinye, kungakhathaliseki uhlobo, futhi sivame ukubuyela emuva uma izicelo zibonakala ziyimbondela noma zingalandeli inqubo elungile.

[Funda kabanzi.](#)

"beka umkhawulo wokwabelana noma izilungiselelo zokubonakala"

Ngokwesibonelo, ungakhetha izilungiselelo zakho ukuze igama nesithombe sakho kungaveli kusikhangiso.

[Funda kabanzi.](#)

"kuxhunyaniswe nolwazi olumayelana nokuvakasha kumasayithi amaningi"

I-Google Analytics isuselwe kumakhukhi wenhlangano yokuqala. Idatha ekhiqizwa nge-Google Analytics ingaxhunywa, yikhasimende le-Google Analytics noma yi-Google, kusetshenziswa ubuchwepheshe be-Google, ukuya kumakhukhi wenkampani yangaphandle, ngokuhlobene nokuvakasha kwamanye amawebhusayithi, isibonelo uma umkhangisi afuna ukusebenzisa idatha yakhe ye-Google Analytics ukuze adale izikhangiso ezihambisana kakhulu, noma ukuhlaziya ngokuqhubeka idatha yakhe.

[Funda kabanzi.](#)

"ukunakekela"

Isibonelo, singamela ngokuqhubekayo amasistimu wethu ukuhlola ukuthi asebenza njengokuhlosiwe yini ukuze sithole futhi silungise amaphutha.

[Funda kabanzi.](#)

"kungenzeka siqoqe futhi sicubungule ulwazi mayelana nendawo yakho uqobo"

Isibonelo, i-Google Amamephu ingabeka phakathi ukubukwa kwamamephu endaweni yakho yamanje.

[Funda kabanzi.](#)

"kungenzeka ingasebenzi kahle"

Isibonelo, sisebenzisa ikhukhi elibizwa ngokuthi i-'lbc's' elenza kwazeke ukuhti ukwazi ukuvula i-Google Amadokhumenti kusiphequluli esisodwa.

[Funda kabanzi.](#)

"nozakwethu"

Sivumela amabhizinisi athenjwayo ukusebenzisa amakhukhi noma ubuchwepheshe obufanayo ngokwezinjongo zokukhangisa nokucwaninga kumasevisi wethu.

[Funda kabanzi.](#)

"inombolo yegoni"

Isibonelo, uma ungeza inomgolo yefoni njengenketho yokutakula, uma ukhohlwa iphasiwedi yakho i-Google ingakwazi ukukuthumela umlayezo wombhalo onekhodi ukukuvumela ukuthi uyisethe kabusha.

[Funda kabanzi.](#)

"vikela i-Google kanye nabasebenzisi bethu "

Isibonelo, uma ukhathazekile ngokufinyelela okungagunyaziwe kuya ku-imeyili yakho, "Umsebenzi we-akhawunti wokugcina" ku-Gmail ukukhombisa ulwazi olumayelana nomsebenzi wakamuva ku-imeyili yakho, njengekheli le-IP elifinyelele i-imeyili yakho, indawo ehambisanayo, kanye nesikhathi nedethi

[Funda kabanzi.](#)

"ukuvikela"

Isibonelo, isizathu esisodwa esenza ukuthi siqoqe futhi sihlaziye amakheli we-IP namakhukhi ukuvikela amasevisi wethu ekuhlukumezweni okuzenzakalelayo.

[Funda kabanzi.](#)

"ukunikela"

Isibonelo, ikheli le-IP elinikezwe kudivayisi yakho lisetshenziselwa ukuthumela idatha oyicelile kudivayisi yakho.

[Funda kabanzi.](#)

"ukwabelana"

Isibonelo, nge-Google+, unezinketho eziningi zokwabelana ezahlukahlukene.

[Funda kabanzi.](#)

"ukwabelana nabantu ngokushesha nakalula"

Isibonelo, uma umuntu usevele ungoxhumana naye, i-Google izoqedela ngokuzenzakalelayo igama lakhe uma ufuna ukumengeza kumlayo ku-Gmail.

[Funda kabanzi.](#)

"abantu ababaluleke kakhulu kuwena ku-intanethi"

Isibonelo, uma wena uthayipha ikheli enkambini ye-To, Cc noma ku-Bcc yomlayezo owudalayo, i-Gmail izophakamisa amakheli kusuka kuhlu lothintana nabo.

Funda kabanzi.

"ukwenza kubelula ukwabelana ngezinti nabantu obaziyo"

Isibonelo, uma uke wakhuluma nothile nge-Gmail futhi ufuna ukumengeza ku-Google Amadokhumenti noma umcimbi ku-Google Ikhhalenda, i-Google yenza kubelula ukwenza kanjalo ngokuqedela ngokuzenzakalela ikheli lakhe le-imeyili uma uqala ukuthayipha igama lakhe.

Funda kabanzi.

"buka bese uxhumane nezikhangiso zethu"

Isibonelo, njalo sibika kubakhangisi ukuthi noma sisebenzise izikhangiso zabo ekhasini nokuthi uma ngabe lesi sikhangiso sasingase sibonwe abanye abasebenzisi (njengoba kuqhathaniswa, isibonelo, ukuba yingxenyekhasi lapho abasebenzisi bazange bapheqela khona).

Funda kabanzi.

"kungenzeka sabelane ngokuhlanganisiwe, ulwazi olungabonakali lomuntu siqu esidlangalaleni"

Uma abantu abaningi baqala ukusesha okuthile, ingabanikezela ngolwazi olusizayo mayelana namathrendi athile ngaleso sikhathi.

Funda kabanzi.

"Izindawo zokufinyelela kwi-Wi-Fi nemibhoshongo yezingcingo"

Ngokwesibonelo, i-Google ingakwazi ukuqagela indawo yedivayisi yakho ngokusekelwe kwindawo eyaziwayo yemibhoshongo yezingcingo eseduze.

Funda kabanzi.

"imiphumela yosesho ehlobene kakhulu"

Isibonelo, singenza usesho luhlobane kakhulu futhi luthandeke kuwe ngokufaka izithombe, nokuningi okuvela kuwe nabangani bakho.

Funda kabanzi.

"ukususa okuqukethwe kwakho"

Isibonelo, ungasusa umsebenzi wakho wewebhu nohlelo lokusebenza, ibhulogi lakho, Isayithi e-Google Site okungewakho, isiteshi sakho se-YouTube, iphrofayela yakho ye-Google+ noma yonke i-akhawunti yakho ye-Google.

Funda kabanzi.

"ukubonisa amathrendi"

Ungabona okunye kwalokhu ku- Amathrendi e-Google naku-Ama-vidiyo e-YouTube athrendayo.

Funda kabanzi.

"umsebenzi wakho kwamanye amasayithi nezinhlelo zokusebenza"

Lo msebenzi ungavela kusukela ekusebenziseni kwakho imikhiqizo ye-Google efana Nokuvumelanisa i-Chrome noma kusukela ekuvakasheni kwakho kumasayithi nezinhlelo zokusebenza eziba ngozakwethu be-Google. Amawebhusayithi amaningi nezinhlelo zokusebenza zisebenzisana ne-Google ukuthuthukisa okuqukethwe kwazo namasevisi. Ngokwesibonelo, iwebhusayithi ingase isebenzise amasevisi ethu okukhangisa (njenge-AdSense) noma amathuluzi okuhlola (afana ne-Google Analytics). Leyo mikhiqizo yabelana ngolwazi mayelana nomsebenzi wakho ne-Google futhi, kuncike kuzilungiselelo zakho ze-akhawunti kanye nemikhiqizo esebenzayo (isibonelo, uma uzakwethu asebenzisa i-Google Analytics ngokuhlangana namasevisi ethu okukhangisa), le datha ingahlotshani noma ngolwazi lomuntu siqu.

Funda kabanzi.